

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-10.

UMBUZO 1**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Indaba mayibe senkathini edlule. Isb. Ukwahluleka ukwenza into ethile obuyihlelile bese uzitshela ukuthi lisekhona elinye ithuba./ Ukwamukela ukuthi besingakafiki isikhathi sokuba aphumelele./Ukungalilahli ithemba, njl. **[50]**
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda ingqikithi yesihloko. Angachaza noma alandise ngesihloko. Makachaze ukuthi liyini ikhwezi/ limele impumelelo emuva kobunzima. Angachaza ngenkanyezi enkulu ekhanya ngokugqamile ephuma entathakusa. Isb. Ukuphuma enkingeni obubhekene nayo, ukuphumelela kade usulahle ithemba, ukulungiselela ukwenza into ethile ngoba sekusa. **[50]**
- 1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isisho. Isb. Isigameko esamehlela ayengasilindele seliyoshona ilanga kungaba esihle/esibi./ Ukulunga kwezinto ekugcineni emuva kwesikhathi eside uzama, njl. **[50]**
- 1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko
- Ohlolwayo makaveze lobu buhle nobubi obusuka ngaphakathi bese kuthi ekugcineni abeke uvo lwakhe ngesihloko. Isibonelo:
- Ubuhle: angakhuluma ngezenzo zomuntu ezinhle ezigqamisa inhliziyo nengaphakathi lakhe.
- Ububi: angakhuluma ngomuntu owenza sengathi uyakuthanda kanti uyakukhohlisa uthi lala lulaza sizokwengula. Uyimpisi embethe isikhumba semvu. **[50]**
- 1.5 Ohlolwayo makakhethe uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko:
- Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zezinto ezingamagugu esezilondoloziwe isb (izichuse, imikhosi ehluhahlukene, njl.) kuleli laseNingizimu Afrika. Angaphinde aveze nezinhlelo ezisungulwe uhulumeni, izinhlangano zemifelandawonye ezizimele ukugcina nokulondoloza amagugu akuleli. Kumele kugqame ukuthi kulokho ohlolwayo akubhalile kuyasakha isizwe.
- Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze ukuthi uyaphikisana nesihloko. **[50]**

- 1.6 1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese ebhala indaba ehambisana nesithombe. Makayinike isihloko indaba yakhe.
Makungachazwa isithombe. **[50]**
- 1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese ebhala indaba ehambisana nesithombe. Makayinike isihloko indaba yakhe.
Makungachazwa isithombe. **[50]**
- 1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese ebhala indaba ehambisana nesithombe. Makayinike isihloko indaba yakhe.
Makungachazwa isithombe. **[50]**
- AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

ISIQEPHU A: INDABA**UMBULO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenihla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenihla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izipendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenye engenihla	28–30 -Ipendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	22–24 -Ipendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhlohlweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	16–18 -Ipendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlohlweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	10–12 -Ipendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	4–6 -Ipendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganambi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenye engezansi	25–27 -Ipendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	19–21 -Ipendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	13–15 -Ipendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	7–9 -Ipendulo engashayi emhlohlweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	0–3 -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA	Ingxenywe engenhla	14–15	11–12	8–9	5–6	0–3
Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi		-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuheha kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	-Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
AMAMAKI AYI-15	Ingxenywe engezansi	13	10	7	4	
		-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	-Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO		5	4	3	2	0–1
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho		-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
AMAMAKI AYISI-5						

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

AP – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esingahambisani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

NQ – nqamula amagama ngendlela efanelekile ekugcineni komugqa.

☐ – ukuhlanganisa amagama

/ – hlukanisa amagama

√ - ulimi oluhle

PND- ukuphindaphinda amagama

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 05

50**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obukhombisa ukuthi indaba iyethulwa/iyangeniswa.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuncoma

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**INCWADI YOBUNGANI/UMLANDO KAMUFI/ISIBUYEKEZO/UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO/INKULUMOMPENDULWANO/INCWADI YOMSEBENZI****IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI	13–15	10–12	7–9	4–6	0–3
<p>Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo</p> <p>AMAMAKI AYI-15</p>	<p>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile</p> <p>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo</p> <p>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo</p> <p>-Umbhalo unamathele esihlokweni</p> <p>-Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandelana</p> <p>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko</p> <p>-Ifomathi efanelekile necacile</p>	<p>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo</p> <p>-Inamathele esihlokweni</p> <p>-Kunamaphushana</p> <p>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko</p> <p>-Ifomathi efanele enamaphushana</p>	<p>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo</p> <p>-Inamathele esihlokweni – inamaphutha asendimeni</p> <p>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile</p> <p>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko</p> <p>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa</p>	<p>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo</p> <p>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana</p> <p>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali</p> <p>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko</p> <p>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi</p> <p>-Kukhona okumbalwa okubalulekile</p>	<p>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo</p> <p>-Umqondo uyanhlahlatha kunamaphutha amakhulu</p> <p>-Imibono ayilandelani sanhlobo</p> <p>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko</p> <p>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi</p>
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA	9–10	7–8	5–6	3–4	0–2
<p>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi</p> <p>AMAMAKI AYI-10</p>	<p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo</p> <p>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu</p> <p>-Akunamaphutha sanhlobo</p>	<p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo</p> <p>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle</p> <p>-Ulwazimagama oluhle</p> <p>-Kunamaphushana</p>	<p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo</p> <p>-Kunamaphutha ambalwa</p> <p>-Ulwazimagama olusendimeni</p> <p>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo</p>	<p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo</p> <p>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi</p> <p>-Ulwazimagama olunganele</p> <p>-Umqondo awusalandeleki kahle</p>	<p>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo</p> <p>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida</p> <p>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso</p> <p>-Umqondo uyanhlahlatha kakhulu</p>

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)

OKULINDELEKILE**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (8 Nhlanguvana 2019/8 Juni 2019/08-06-2019/2019-06-08)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Sithako
- Isigaba sokuqala singaqalisa kanje: Ngiyathemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ... njl.
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukuhalalisela umngani wakho ngokuthola ithuba lokuyolingisa kumabonakude nokumeluleka ngokubaluleka kokuziphatha kahle)
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlulwayo makasebenzise ulimi lokuhlonipha/irejista efanele.
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo.
Isb. Yimina umngani wakho
uPhilile

[25]**2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Nakhu okufanele kuvele encwadini yokuzincoma ehambisana neminingwane yekharikhulamu vithaye ebinikeziwe:

- Amakheli amabili. (Lobhalayo elinikeziwe- libe nosuku, lobhalelwayo- liqale ngesikhundla)
- Isibingelelo. (Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane)
- Isihloko. (Incwadi Yokuzincoma)
- Makazethule kahle kucace (uSipho Khanyile nesizathu sokubhala incwadi).
- Makasho okuthile okuzokwenza afaneleke kulo msebenzi awucelayo (iminyaka yakhe, amazinga emfundo, ulwazi lwekhompyutha kanye nokuzincoma).
- Ukuphetha incwadi.
- Ukuvalelisa akhombise ukuhlonipha lowo ambhalelayo.
Yimina ozithobayo
uSipho Khanyile

QAPHELA: Makangaphindi iminingwane yekharikhulami vithaye injengoba injalo kodwa aveze amakhono azokwenza aphume phambili kulabo ancintisana nabo ekutholeni lo msebenzi.

[25]

2.3 ISIBUYEKEZO

Oholwayo makaveze la amaphuzu alandelayo, isib.

- Igama le CD nomculi wayo/abaculi bayo/Iqembu
- Imininingwane yabashicileli/yabadidiyeli/uphrojusa
- Unyaka eqoshwe/ekhishwe ngawo
- Uhlobo lomculo/lamaculo ngamafuphi
- Ukuphawula ngokuhle nokungekuhle ngomculo otholakala kule-CD
 - Isiphetho sesibuyekezo masiveze izincomo mayelana nengqikithi yale CD.

[25]**2.4 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

- Oholwayo makaveze la maphuzu alandelayo:
 - Makube nesihloko, Isibonelo: Umbiko Wohambo Lwesikole Kuvakashelwa Izindawo Ezahlukene.
 - Isingeniso: makuvele ukuthi lolu hambo lwenzeka nini kanye nesizathu salo.
 - Umzimba: izindawo ezavakashelwa kanye nolwazi olwazuzwa abafundi kulolu hambo.
- Isiphetho: Kungavela iziphakamiso/izinqumo ezigqugquzela abafundi ukuba bazibandakanye ezinhlelweni ezifana nalezi ngoba lukhulu ulwazi abaluzuzayo. Makasebenzise:
 - Ulimi olujwayelekile olungenabungani.
 - Umuntu wesithathu.
 - Inkathi edlule.

[25]**2.5 INCWADI EYA KUMHLELI**

- Ikheli lobhalayo elinikeziwe, elinosuku. iQalakabusha Supermarket, 477 Steenbok Avenue, Brakpan, 1541
- Ikheli elinikeziwe lobhalelwayo. Mhleli, Ziyagqibana News, Private Bag X 65, Brakpan, 1541
- Ukubingelela umhleli, Isb. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazana
- Isihloko sengqikithi abhala ngaso Incwadi Yokukhononda Ngonogada.
- Isingeniso: ukuzethula (makuvele ukuthi ungubani nokwethula ingqikithi yodaba.)
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni nesizathu esenza alusukumele lolu daba. Makacacise ukuthi onogada bawahlukumeza kanjani amalungelo abathengi
- Isiphetho: ukuphetha akhombise inhlonipho. Isb. Ngiyethemba lolu daba luzophakanyelwa izikhulu ezifanele.
- Ukuvalelisa. Isb. Yimina ozithobayo
uKwenama Cindi (Nksz.)

NOMA

Yimina ozithobayo
uSipho Ndlela

[25]

2.6 INKULUMOMPENDULWANO/INGXOXO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

Isibonelo sesihloko: Inkulumompendulwano Phakathi Komdlali Nomqeqeshi
Isethulo: Isb. (Kusekuseni ngoLwesibili uNkk. Dube, umqeqeshi weqembu
uxoxa noZimiphi, umdlali mayelana nenqubomgomo yeqembu lebhola
lomnqakiswa)

- Ohlolwayo makabhale isingeniso ngokuqamba abalingiswa, indawo kanye nesikhathi.
- Ohlolwayo makabhale amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele.
- Ohlolwayo akangabasebenzisi abacaphuni enkulumeni yezikhulumi.
- Ohlolwayo makangayisebenzisi inkulumo efakwa kubakaki echaza imizwa yezikhulumi.
- Ohlolwayo makaqaphele ukusetshenziswa kwenkulumompendulwano: Mayibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Mayikhule, kusheshwe kungenwe engqikithini yayo.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B:	50
AMAMAKI ESEWONKE:	100